**INKULUMO KAMPHATHISWA WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL, UMNUZ MXOLISI KAUNDA EMCIMBINI WOKUVULWA KWAMAHHOVISI AMALAYISENSI EBERGVILLE.**

*10 JUNE 2016*

- Mphathi wohlelo; Ms V Masuku
- IMeya yasoKhahlamba, Khansela uSibeko;
- Meya yesiFunda uThukela uKhansela uMazibuko;
- Ngqongqoshe wezokuBusa ngokuBambisan neziNdaba zoMdabu, uMhlonishwa uDube-Ncube;
- Nkosi yesizwe; sakwaMkhize
- Amakhosi aseNdlunkulu akhona;
- Amalungu esiShayamthetho akhona;
- Amakhansela wonke;
- Ubuholi bezinhlaka ezahlukene emphakathini;
- UMphakathi wonke waseBergville;

Ngiyanibingelela nonke

Mangiqale ngokuthi egameni loMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal ngizwakalisa ukubonga ngokuba yingxenye yalo mcimbi esiwuthatha njengobaluleke kakhulu kule ngxenye yesifundazwe.

Ngifisa ukuqala ngokuzibongela ngokuthi nina mphakathi walapha eBergville nibe ngabokuqala ukuthi nginivakashele selokhu ngiqokwe nguNdunankulu ekuqaleni lwali sonto.

Umcimbi wanamhlanje siwuthatha njengomphumela wokusebenza ngokubambisana okuhle phakathi kwezigaba zikahulumeni okungowesifundazwe nowasekhaya bebambisene kahle futhi nomphakathi wendawo.

Kodwa futhi lona ngumcimbi wokuba sibongele kakhulu umphakathi wasoKhahlamba ngokuthi wakwazi ukukhetha kahle uhulumeni wasekhaya okumele uhole lapha ngo-2011. Nathi uma niyovota nakhetha uHulumeni wentuthuko, ngakho ke lezi yizithelo zamavoti enu.

Waphinda futhi ngo-2014 umphakathi walapha wahlanganyela nabantu abaningi esifundazweni abathi basafuna iqembu likaKhongolose liqhubeke nokulungisa izimo abantu abaphila ngaphansi kwazo ukuze izimpilo zabo zibe ngcono. Namhlanje akukho nokuncane ukuzisola uma sesibona kunje eBergville.

Ngakho-ke kumele sikubonge ukubambisana esikubonayo phakathi koMnyango wezoBusa ngoBambisana nezoMdabu – okuyiwona otshale ingxenye enkulu yemali kule ntuthuko, kube uMasipala wasoKhahlamba kanye noMnyango wezokuThutha. Namhlanje sesinamahhovisi amalayisensi asezingeni eliphezulu ngalolu hlobo.

Siyalwazi usizi obelubhekena nabantu balapha obekudingeka bahambe ibanga elide ngezindleko ezinkulu beyokwenza amalayiseni njengaseMnambithi. Phela vele umgomo walo hulumeni oholwa nguKhongolose uthi kumele izinsiza ziye eduze nalapho abantu bekhona.

Kuyasithokozisa futhi ukuthi ubuchwepheshe obuzosebenza kulesikhungo buhambisana nesikhathi esikusona njengoba sazi ukuthi itechnology ikhula usuku nosuku. UMnyango wezokuThutha ufake imali engu-R2.5 million ohlelweni lokubhala i-learners nge-computer.

Lobu wubuchwepheshe esesibufake ezikhungweni eziningi lapha esifundazweni kusuka kule minyaka edlule.
Njengamanje isifundazwe sinezikhungo zamalayisensi ezisebenzayo ezingu-40 uma sibala nalesi manje. Ezingu-35 ziphethwe komasipala bese kuthi ezinhlanu zenganyelwe uMnyango wesifundazwe.

Izikhungo zomasipala zihlukene ngezigaba zama-Grade njengoba lesi siku-Grade A, okusho ukuthi umphakathi uthola konke okumele kube sesikhungweni samalayisensi.

Lokhu kuhlanganisa ama-learners nezincwadi zokushayela ama-code wonke ngisho nesithuthuthu imbala. Kuvuselelwa zonke izincwadi zokushayela, kuphinde kwenziwe futhi kuvuselelwe nezezimoto nokunye njalo njalo.

Uma ubheka isibalo sezimoto ezingu-1.5 million esifundazweni futhi esikhula ngo-25% minyaka yonke, uzobona ukubaluleka kokwandiswa kwalezi zikhungo. Isibalo sezimoto silokhu sikhula nasemadolobheni amancane njengalapha koBergville.

Yingakho ngifisa ukusho ukuthi ziyaqhubeka izinhlelo zokubheka nabanye omasipala ukuba babe nalezi zikhungo. Lapha singabala indawo yaseMsinga, eNdwedwe, KwaMaphumulo, eNkandla, eNquthu, eWasbank naseHluhluwe.

Lo mcimbi-ke uqondana nesikhathi kapho sigubha inyanga yabantu abasha. Yingakho nami ngifisa ukugcizelela ukuthi intsha yalapha mayisisebenzise lesi sikhungo ukuze ikwazi phela ukuhlomela imisebenzi. Siyazi ukuthi esikhathini esiphila kusona ilayisensi yokushayela ingezinye zezidingo ezihlale zidingeka uma kuqashwa abantu.
Ngizwile nokuthi umasipala unohlelo lokuxhasa emaWadini lapho abantu ababili ewadini ngayinye bethola ithuba lokufunda i-learners baze bathole izincwadi zokushayela mahhala. Sithi-ke intsha yakithi kumele iwasebenzise amathuba anjengalawa. Nathi sizobheka izinhlelo zikaHulumeni sibone ukuthi sizivuselela kanjani izinhlelo zokuxhasa abafundi, ikakhulukazi labo abasuke sebephothula ibanga leshumi.

Kodwa futhi esifisa ukuxwayisa ngakho lapha ngukuthi njengoMnyango wezokuThutha sesike saphoqeka ukuvala izikhungo eziphasisa izimoto ukuze zithole amalayisensi ezindaweni ezithile lapha esifundazweni ngenxa yenkohlakalo, bephasisa izimoto ezingakulungele ukuba semgwaqeni.

Sesike sabopha abantu futhi ngenxa yokudayiswa kwamalayisensi. Kukhona lapho abantu ababewathenga ekhawuntini amalayisensi.

Akekho-ke umuntu oyogwema kuboshwa kwabantu nokuvalwa kwalesi khungo ngaphandle kwabantu abasisebenzisayo, kuhlanganisa abasebenzi nomphakathi othola usizo.

Siyazi ukuthi kokunye kuye kukhalwe ngamaphoyisa ukuthi ayagwazisa, kodwa abantu kube yibona abaqhubeka nokugwaza esikhundleni sokubika lezo zikhohlakali. Kodwa kokunye yibona abantu abalinga amaphoyisa.
Phansi ngamaphoyisa angwazisayo…Phansi…..!

Yingakho-ke sigcizelela ukuthi lesi sengathi kungaba yisikhungo esiyisibonelo ngokungabi nechashaza lenkohlakalo ekusebenzeni kwaso.

Okunye engifisa ukudlula kukhona Mhlonishwa uDube-Ncube, yilokhu kohlelo lokuvuselelwa kwamadolobha amancane iBergville nayo engaphansi kwalo.

NjengoMnyango lolu hlelo lusilekelela kakhulu njengoba luza nengqalasizinda ehlanganisa ukulungiswa kwemigwaqo kwakhiwe nezindawo zokuhamba ngezinyawo emadolobheni.

Lokhu kuxhumana kakhulu nezokuphepha emgwaqeni njengoba sazi ukuthi sisenesibalo esikhulu sabantu abahamba ngezinyawo abalimala noma bashone emigwaqeni yethu.

Kodwa futhi indaba yokuphepha emgwaqeni yinto esiyigcizelela njalo lapho sihamba khona, lapho sidlulisa umyalezo kubashayeli, abagibeli nabahamba ngezinyawo.

Njengoba bengivele ngisebenza ngezokuthutha ngokwesikhundla sami esiShayamthetho, ngibuqonda kahle ubunzima bempilo obulethwa yizingozi zogwaqo. Yingakho nalapha ngingeke nginganxusi abantu bakithi ukuba bahlale njalo beyingxenye yomkhankaso wokuphepha emgwaqeni izinsuku ezingu-365 ngonyaka. Lapha eMnyangweni sihlale sisho nangesiqubulo sethu sithi 'Ukuphepha emgwaqeni kungumsebenzi wethu sonke'.

Sifisa ukusho futhi Mhlonishwa phambi kweMeya nomphakathi wonke walapha oKhahlamba ukuthi nathi sizoqhubeka nezinhlelo uNdunankulu uMacingwane abese eziqalile esaphethe kulo Mnyango.

Siyazi ukuthi sasilapha nje endaweni yaseWoodford noMacingwane ngoDecember sethula uhlelo lokwakhiwa kwebhuloho lomfula iSandpruit River imali yakhona engu-**R9.1 million**.

Siyazi futhi ukuthi maningi ama-project lo Mnyango owenzile wawaqeda kule minyaka edlule kule ndawo yasoKhahlamba nasesifundeni sasoThukela sonkana.
Kuleyo nje singabala:

- Ibhuloho iMawebu River Pedestrian Bridge esilakhe ngo-R3.2 million eMtshezi;
- Msahweni Road eMbabazane owokhiwe ngo-R7.5 million;
- Thonyelana Pedestrian Bridge ku-Ward 5 lapha oKhahlamba elakhiwe ngo-R5.18 million;
- Mnweni Vehicle Bridge khona futhi ku-Ward 5 walapha oKhahlamba elakhiwe ngo-R10.75 million;
- Ndunwane Pedestrian Bridge khona lapha oKhahlamba elakhiwe ngo-R3.4 million;
- NeSahlumbe Vehicle Bridge eNdaka esilakhe ngo-R24.5 million.

Kukhona futhi imisebenzi eqhubekayo njengoba sikhuluma nje esingabala kuyona:

- Imigwaqo ebizwa ngeDraycott Roads eMbabazane lapho sifake khona u-R59 million;
- uD1251 eMqedandaba eMbabazane esifake kuwo u-R33 million;
- uD1252 khona futhi eMqedandaba esifake khona u-R79 million;
- uD69 eZwelisha eMbabazane esifake u-R92.7 million;
- uD1263 khona lapha oKhahlamba esiwakha ngo-R148.1 million;
- D489 eMtshezi owakhiwa ngo-R205.7 million;
- Matiwane Road eMnambithi ngo-R193 million;
- P281 eMhlumayo owakhiwa ngo-R155 million;
- NeFidi River Vehicle Bridge elakhiwe ngo-R18.7 million.

Izinhlelo esibheke ukuba ziqale manje kusuka kulo nyaka ezinye zazo, singabala:

- uD44 eWatersmeet esizofaka kuwona u-R68 million;
- P280 eWeenen ozodla u-R380 million;
- Mfifiyela Vehicle Bridge lapha oKhahlamba elizokwakhiwa ngo-R7.7 million;
- Emoyeni Vehicle Bridge eLoskop lapho sizofaka u-R11.9 million.

Uma sibheka lezi zinhlelo esizenzayo nesisazozenza ibalelwa ku-**R493 million** imali esesiyihlelele le minyaka yezimali emithathu kusuka kulona esikuwona.

Yizona zonke lezi zinto okumele sizichaze ukuze abantu bakithi babe nolwazi ngemisebenzi eyenziwa nguHulumeni abazikhethele wona ukuba ushintshe izimpilo zabo zibe ngcono.

Ngiyafisa-ke ukuba ngithathe leli thuba ngigqugquzele ukuthi njengoba sekuyisikhathi semikhankaso yokhetho loHulumeni basekhaya, sengathi ningaziphatha kahle futhi kungabi bikho ohlukumeza omunye ngenxa yokuthi ukhethe enye inhlangano.

Uma umuntu ekhethe ukushiya inhlangano yakho wakhetha le ephethe uHulumeni ngoba ebona imisebenzi yayo, akumele lowo muntu ajeziswe, kanjalo nabamanye amaqembu kumele bahlonishwe.

Sicela ningasiphoxi, singezwa sekuthiwa kukhona abaphazamise umbuthano wenye inhlangano noma sekukhona abavinjiwe bethi babamba imihlangano yabo.

Sengathi ningaziphatha kahle, sonke sisebenze ngokubambisana ukukhuculula ubugebengu nabo bonke obunye ububi obukhungethe imiphakathi yakithi.

Konke kulele emahlombe enu – uma niziphethe kahle futhi niphila ngokuthula intuthuko izolokhu igelezile endaweni yenu. Ngalawo mazwi siyaphinda siyalibonga ithuba lokuba yingxenye yalo mcimbi.

**Ngiyabonga**

